



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANSA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI EMZUMBE MHALKA 16 OCTOBER
2007**

Ngibanibingelela nonke

- Kusukela ngo-2005, inyanga ka-October ithathwa njengenyanga yezokuthutha kuzwelonke iNational Transport Month. Ngomhlaka 2 October, sasethula ngokomthetho uhlelo lwethu lwenyanga esifundazweni, kusuka lapho silokhu sehla senyuka siqinisekisa ukuthi abantu bakithi baqonda kahle ngokuphepha emgwaqeni.
- Ngigcizelela ukuphepha emgwaqeni ngoba sekucacile ukuthi akusizi sakhe imigwaqo ezobulala abantu bakithi. Kumele siqinise imikhankaso yokuqwashisa ngokuphepha emgwaqeni noma kuphi lapho sihamba khona, sicacise ukuthi sakha imigwaqo yokuthuthukisa abantu, hhayi ukubabulala.

- Ngiyazi futhi ukuthi abanye abantu sebethi bakhathele oCele abakhuluma njalo. Ngenhlanhla kodwa angingedwa, nami ngingomunye wamanxusa amaningi ezokuphepha emgwaqeni esifundazweni nasezweni lethu lonke. Amanxusa ezokuphepha emgwaqeni akubona osaziwayo esisebenzisana nabo kuphela, okuhlanganisa abadlali bebhola noDJ abadumile. Amanxusa amakhulu ezokuphepha ngamalungu emindeni elahlekelwa abathandiweyo babo abahlale benezilonda ezingapholi ngokulahlekelwa abantu babo.
- Siyazi ukuthi abantu baqonda kangcono uma umyalezo udluliswa ngabantu ababathandayo njengosaziwayo. Kodwa uMnyango wami usuwenze ivideo ekhombisa abantu bakithi, omama nobaba bethu nodadewethu nabafowethu nezihlobo nabangani abashona emigwaqeni. Okungenani ningayibuka esithombeni nje nina, thina sikubona bukhoma lokho, hhayi kanye, kodwa ezikhathini eziningi.
- Ukuzinikela kwethu ekugqugquzeleni ukuphepha emgwaqeni yingoba njengoMnyango wezokuThutha sithweswe umthethosisekelo ukuba siqinisekise ukuthi abantu bakithi bathola uhlelo lwezokuthutha oluphephile noluthembekile esifundazweni. Kungumsebenzi wethu ukuthi silwe nezingozi ngokufundisa nokuqinisa umthetho. Kumele sisebenze ngokungathali ukuqinisekisa ukuthi iNingizimu Afrika iba yindawo engcono kubantu bonke.

- Njengamanje uMnyango wami umatasa uvula amathuba ezomnotho ngezinhlelo zawo ezihlose ukulwa nobubha ezindaweni zasemakhaya. Imikhankaso yethu yokulwa nobubha iyaziwa ezweni lonke.
- Ukuvulwa ngokomthetho nokuphendulwa kwamasoyi esikwenzayo esifundazweni sonke kukhombisa ukubaluleka komsebenzi esibhekene nawo wokuguqula izimpilo zabantu baKwaZulu-Natal. Uhlelo lukaZibambeke lokulwa nobuphofu selungundabuzekwayo emindenini yaKwaZulu-Natal.
- UMnyango wami awenzi izethembiso emoyeni. Namhlanje siphendula isoyi lapho siqala khona umsebenzi wokwakhiwa komgwaqo uP73 ozofakwa itiyela ngesamba sika-R375 million. Lo mgwaqo uzoxhumanisa izindawo zaseMthwalume/ Isipohofu neHighflats . Ngaphezu kwalokho uzokwenza lula ukufinyelela eHighflats uma uhamba ngomgwaqo uD168. Lokhu kuzosiza kakhulu abasebenzisa izithuthi zomphakathi ngokwehlisa izindleko zokuhamba bese kuthuthukisa namabhizinisi.
- Lo mgwaqo uzosiza kakhulu imiphakathi yezindawo zamakhosi KwaLuthili, KwaQwabe, KwaNdelu, eSiyabanye naseKhwezi Lokusa. Uzophinda wenze lula ukufinyelela ezikoleni ezingu-28, imitholampilo emine kubantu ababalelwa ku-30 000.

- Ukwakhiwa kwalo mgwaqo okuzothatha iminyaka emihlanu kulindeleke ukuthi kwakhe amathuba emisebenzi ebalelwa ku-375 000. Umphumela walokhu ngukuthi labo abaqashiwe bazokwazi ukuzihlomisa nangolwazi abazolusebenzisa nasesikhathini esizayo. Umsebenzi wokwakha uzovuleleka nakosonkontileka bakaVukuzakhe ababalelwa ku-200.
- UMnyango wethu uhlale unokuxhumana nemiphakathi ngokusebenzisa izinhlaka zethu njengamaRural Road Transport Forums (RRTF's), amaCommunity Road Safety Councils (CRSC's), amaPublic Transport Passenger Associations (PTPA), izinhlangotho zamatekisi namabhasi omasipala bamadolobha nezinye izakhiwo zomphakathi.
- Le ndlela yokuxhumana yenza kube lula ukuthola izidingo zezokuthutha, okuba yizona ezizobekwa phambili bese uMnyango ulandela lokho ukuze kusizakale bonke abantu besifundazwe sethu.
- Kunezigidi zamarandi ezizosebenza ngalo nyaka wezimali ka-2007/08 ekwakhiweni kwemigwaqo engenela emiphakathini namabhuloho amancane ngaphansi kweCost Centre yasePort Shepstone. Ngakhoke, phezu kokwakhiwa komgwaqo uP73, izimpilo zabantu bakule ndawo zisazophuculeka ngokulethwa kwemisebenzi yengqalasizinda yomgwaqo. Kuzokuba kunina ukuthi nithathe amathuba eniwaletelwa uhulumeni wenu.

- Sengiphetha, njengoba sibheke emaholidini kaDecember, nginxusa bonke abasebenzisana noMnyango ukuthi baqinise ukusabalalisa umyalezo wokuphepha emgwaqeni uye kubantu kuwo wonke amazinga.
- Nginxusa bonke abasebenzisa umgwaqo ukuthi bahloniphane, abahamba ngezinyawo bahloniphe abashayeli nabashayeli bahloniphe abahamba ngezinyawo. Ukufa koyedwa ngukufa kwabaningi. Ukufa noma ukulimala komuntu kuba yinhlekelele kulabo abathintekile, umndeni, umphakathi nesizwe sonke.
- Masiqhubeke sikhuthaze ukuhlonipha izimpilo zabantu, singayithathi kancane indaba yezingozi zomgwaqo.

Ngiyabonga